

# THE MSUNDUZI MUNICIPALITY

**ISAZISO NGAPHANSI KOMTHETHO I- LOCAL GOVERNMENT:  
MUNICIPAL SYSTEMS ACT, 2000 (UMTHETHO NO. 32 KA 2000)**

## **UKUCHITSHIYELWA KWEMITHETHO KAMASIPALA YOKULAWULA KANYE NOKUQOQA IZIKWELETU**

Mina, NELISIWE NGCOBO, Ibamba leMenenja kaMasipala waseMsunduzi, ngimema imibono yomphakathi mayelana nemithetho kamasipala ehlongozwayo ebalulwe ngenhla, ngokuhambisana neSigaba se-12 kanye nesama-21 soMthetho i-Local Government Municipal Systems Act, 2000 (uMthetho No. 32 ka-2000).

Le mithetho kamasipala ibhalwe ngokweSigaba 156 soMthethosisekelo weRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika, uMthetho 108 ka 1996

Amakhophi emithetho ehlongozwayo kamasipala ayatholakala kwabafisa ukuwahlola ngezikhathi ezijwayelekile zokusebenza kulezi zindawo ezilandelayo:

- Room G01, eHhlo leDolobha, Chief Albert Luthuli Street, Pietermaritzburg;
- Emahhovisi kaMasipala aseMbali Cnr F J Sithole and Sunderland Roads, Imbali;
- Room 701, 7th Floor, Professor Nyembezi Building, Church Street;
- Emahhovisi kaMasipala ase-Edendale, 50 Old Edendale Road;
- KuMtapolwazi kaMasipala, 260 Church Street.

Imibono kumele ithunyelwe nge-imeyli kuMnu. JJ van der Merwe ku-Johan. vandermerwe@msunduzi.gov.za noma ngokubhalela uMnu. JJ van der Merwe, Izinsiza Zomthetho, uMasipala waseMsunduzi, 341 Church Street, Pietermaritzburg, 3200. Imibono ingabuye futhi ihanjise ngesandla ophikweni Lezinsiza Zomthetho, zibhekiswe kuMnu. JJ van der Merwe, Umeluleki Wezomthetho, 7th Floor, Igumbi 714, Professor Nyembezi Building, 341 Church Street, Pietermaritzburg, 3200. Abantu abahambisa imibhalo ngesandla kumele bakwenze lokho bese becela abasebenzi abasebenza ophikweni Lwezinsiza Zomthetho ukuba babasayinele. Wonke ama-imeyli kufanele uma ethunyelwa kukopishwe uNks. Cindy Dube ku-cindy.dube@msunduzi.gov.za.

Konke okuthunyelwe kumele kufinyelele kuMasipala kungakashayi ihora lika-**13h00**: mhla **ziyi-15 kuNhlangulana (Juni) wezi-2019** futhi kumele kubhalwe ngokucacile ukuthi **“COMMENTS: PROPOSED DEBT COLLECTION AND CREDIT CONTROL AMENDMENT BYLAWS:”**

Noma ngubani ongakwazi ukubhala angaxhumana noMeluleki Wezomthetho, uNkk. Xolie Ndzingi e-7th Floor, Igumbi 707, Professor Nyembezi Building, 341 Church Street, Pietermaritzburg, ukuze amusize lowo muntu ngokumubhalela ukuphawula noma imibono yakhe.

**NELISIWE NGCOBO  
IMENENJA KAMASIPALA (IBAMBA)  
UMASIPALA WASEMSUNDUZI**